ISOLEZWE LANGESONTO - 26 July 2015

# UXaba ubuyise ithemba kwabaseBluff

**PHILI MJOLI**




**UNGQONGOSHE wezoLimo KwaZulu-Natal, uMnuz Cyril Xaba enikeza uNkk Mildred Mthembu ivawusha, eceleni kwakhe u-Advocate Bheki Mbili umqondisi omkhulu ophikweni lokubuyiselwa komhlaba kulesi sifundazwe Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

BESELIPHELILE ithemba lokuthi luyacutshungulwa udaba lwababehlala eBluff, eThekwini abasuswa kulandelwa imithetho yobandlululo eyayinqabela abamnyama ukuthi bahlale eduze kwabantu abamhlophe.

Lezi zakhamizi zithi bese kunzima ukukhokhela imali yokuthi ikomiti lihambe lenza umsebenzi sekunenkolelo yokuthi lesi sicelo ngeke sixazululwe.

UNkk Mildred Mthembu ongomunye wabantu abasiza ukuthi kufakwe isicelo sokubuyiselwa umhlaba iSt Francis Xavier, uthe kunamalungu omphakathi abesecabanga ukuthi kungenzeka ukuthi bayithola imali yesinxephezelo, umphakathi wafihlelwa.

Izolo ikhomishini yokubuyiselwa komhlaba inxephezele amalungu alo mphakathi okuyimindeni engu-152 enamalungu angu-912 ngemali engu-R14.6 million.

Uqhube wathi abanye bebengakholwa noma sebetshelwa ukuthi selidumela emasumpeni ngenxa yobude besikhathi.

"Ngiyajabula ngoba sekuze kwafika ekutheni sinxeshezelwe, bese sithathwa njengabantu abangamaqola. Kumanje abanye abekho ngoba bebengasathembi," kusho uNkk Mthembu.

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya KwaZulu-Natal, uMnuz Cyril Xaba, uthe uyazi ukuthi lesi sicelo sicutshungulwe isikhathi eside kodwa bekumele benze isiqiniseko sokuthi kuhlomula abantu abafanele.

"Lo mphakathi wasuswa ngezikhathi ezingefani futhi abanye basuswa izikhawu ezimbili. Abasuswa eBluff bahlala eGlebe, babuye basuswa futhi khona iningi labo layiswa eMlazi. Bekumele sibheke ukuthi kusukela ngaleso sikhathi umndeni ngamunye sewehlukana kanjani. Uma uhlomula njengomndeni owodwa kungabhekwa ukuthi manje sewehlukene," kusho uXaba.

Uqhube wathi bekugqugquzelwa ukuthi umphakathi ofake isicelo sokubuyiselwa umhlaba uthathe umhlaba ungajahi imali. Umndeni ngamunye uhlomule u-R96 000.

"Le ndawo isiyathuthukiswa kwakhiwa izinto eziningi okungaselula ukuthi kuthiwe azibuyiselwe kubantu abasuswa kulo mhlaba yikho benxeshezelwe ngemali," kusho uXaba.